



Xhumana
Nenhloso Yesizwe



Umhleli(Editor)
Mduduzi Thwala
060 424 9379



Thokozane Ngubeni
Ezokukhangisa
Advertising
073 2705 290
Sitholakala ku-Room 9
OBC Building
Murchison Street
Inhlosoyezwe@gmail.com

Ugwetshwe odilika jele abahlanu owesifazane kwelokudlwengula abafana(5)

Thabile Nxumalo

Ugcine egwetshiwe odilikajele abahlanu owesifazane ecaleni lokunukubeza Izingane ngokocansi. Ngomhlaka 5 ku-April Inkantolo yaseMnambith igwebe uNonhlanhla Magwaza oneminyaka ewu-37 ubudala ngamacala amahlanu okudlwengula izingane zabafana ezinhlanu ezineminyaka ewu-9 kuya kwengu-12 ubudala. UMagwaza ubenza lemigilingwane ekhaya lakhe endaweni yase-Bergville. Ubeheha labantwana ngokuthi abazodlala kwakhe abanikeze nokudla. Emva kokubanukubeza uMagwaza ubebanika imali ukuthi bagcine bengatsheli

muntu ngokuthi uyabadlwengula. Ekuhambeni kwesikhathi umfana oyedwa Wacina ngokubikela umama wakhe,ube eseboshwa ngokushesha uNonhlanhla kuthe uma kuphenywa kabanzi kwatholakala abafanyana abane(4) abanukubezwe uye uMagwaza. Lababafanyana banikele ngobufakazi obanele ukuba agcine ethola lesisigwebo. Ngaphezu kwalesisigwebo sikadilikajele igama likaMagwaza lizofakwa ohlwini lamagama abantu abanukubezayo eNingizimu Afrika. ULietenant General Mmamonye Ngobeni oyi-Provincial Commissioner yaKwaZulu

Natal usamukelile lesisigwebo wabeka wathi, "Lokhu kuzoba isibonelo kwezinye izigilamkhuba ezicabanga ukuganga, Ngithanda ukudlulisa uzwelelo kubo bonke abahlukumezekayo nganoma iyiphi indlela nanokuba bame isibindi, babikele amaphoyisa khona labo abanukubezayo bezovalelwa ejele" esephetha. INingizimu Afrika ingelinye lamazwe anezigameko eziningi zokuhlukunyezwa umhlaba wonke jikelele. Ubudlova basekhaya kulawulwa i-Domestic Violence Act 116 yango-1998. Lomthetho wethulwa ngonyaka ka-1998 ngenhloso yokuvikela abahlukumezekayo.

Kuqwashiswe umphakathi waseMathondwane ngomonakalo ongadalwa isimo sezulu



UcIlr S.A Mvelase echazela amalunga omphakathio waseMathondwane mhla uMkhandlu wasoThukela ozoqwashisa izakhamuzi ngomonakalo ongahle udalwe izimo zezulu. Kwesokunxela uCIlr T.Xaba kantikwesokudla uCIlr N Nkomonde.



Bekuphume ngisho nesinedolo emcimbini wokuqwashisa umphaka waseMathondwane Ngezinhlakalele ezidalwa imvelo.

“izimvula ezinamandla azibhidlizi nje izindlu kodwa izakhiwo ezisizayo kanye nemigwaqo lokhu kugcina kwandisa izingozi”

Umasipala woMkhandlu wasoThukela ubuhambele umphakathi wase Mathondwane ukuyowuqwashisa ngomonakalo ongadalwa isimo sezulu. Kwezinye zezinto lomkhankaso obuzifundisa umphakathi, umthelelo owenziwa udoti wemihlangemihla ekushiseni kakhulu komhlaba (Global Warming) lokhu okugcina kwandisa amathuba esimo sezulu esibi. Usihlalo wezokuzilungiselela, i-Tourism and Disaster Portfolio Committee, Ukhansela Mvelase uphawule wathi, “Njengoba izindawo ezingaphansi koMkhandlu wasoThukela zaziwa ngokuba nezigameko ezimbi zesimo sezulu ikakhulukazi ngezikhathi zokuna kwezimvula, izimvula ezinamandla azibhidlizi nje izindlu kodwa izakhiwo ezisizayo kanye nemigwaqo lokhu kugcina kwandisa izingozi zomgwaqo” uCIlr Mvelase echaza. Uqhubeke wathi Kumele sonke siphonse itshe esivivaneni ekulungiseni ikusasa lethu nabantwana bethu. Uphinde wathi, “Lokhu kungalunga uma singashintsha indlela esenza ngayo, kumele sikhumbule ukuthi njengomphakathi ukuvimba nokusiza emonakalweni (Disaster Management) kusezandleni zalo lonke ilunga lomphakathi.” Umphakathi ube

Sewuqguquzelwa ukuba usebenzise kakhulu izindlela zokuzivikela ezazisetsheziwa obabomkhulu. Kube sekubalwa umlilo, imizi eyakhelwe onqenqemeni lwezintaba noma imifula njengezimo ezingena umonakalo omkhulu”, uMvelase enaba. Echazela izakhamuzi zaseMathondwane uthe njengoba sekungena ubusika ziningi izigameko zomlilo Ezibikwayo ezingadalwa umlilo wezibani noma umlilo wasezintabeni odalwa umoya nokushisa. Izindlela abantu okumele bazikhumbule kakhulu zokuzivikela emlilweni, ukugada zonke izibani ezibasiwe kanye nokuzicisha uma usuyolala.

Ezinye izindlela zokuzivikela:

- Ukuqinisekisa ukuthi indlu ohlala kuyona ineminyango emibili ephumela ngaphandle.
- Ukwakha imizi ihlukane ngokungenani 3m ukuvimba ukwandisa umlilo komakhelwane.
- Ukubeka izitofu noma izibaniendaweni eyisicaba, nokuqikelela ukuthi ziqhelile emakhethezinini.
- Ukuzama ukugcina ibhakede lamanzi noma isihlabathi maduzane.
- Ukuqikelela ukuthi amapulaki kagesi awasindwa kakhulu ngokufaka izinto eziningi kakhulu ngesikhathi esisondwa.